

Yini umlando kaMufi?

Umlando kamufi ubhalwa abomndeni noma yiloyo oqokelwe ukuba awubhale. Kumele ubhalwe umuntu omaziyo umufi ukuze kungaphambani okubhaliwe nempilo kamufi. Kubhalwa okugqamile, okusemqoka nokuyiqiniso ngempilo ebiphilwa ngumufi. Ubhalelwa ukuba ufundwe enkonzweni yakhe yokugcina (ngelanga lomngcwabo).

QAPHELA: okuqukethwe kufanele kuhambisane neminyaka umufi ayiphilile.

Okulindelekile uma ubhala umlando kamufi/ngomufi:

- Isihloko esigqamile esinamagama kamufi aphelele.
- Usuku lokuzalwa nashone ngalo.
- Bhala ngenkathi edlule.
- Bhala njengomuntu wesithathu.
- Isigaba sokuqala:
 - amagama kamufi aphelele.
 - indawo azalelwa kuyo.
 - abazali bakhe.
 - usuku ashone ngalo (ungabhala iminyaka abesenayo uma uthanda).
- Isigaba sesibili:
 - imininingwane ngemfundo
 - imiklomelo nezikhundla esikoleni
 - imininingwane yemfundo ephakeme.
- Isigaba sesithathu:
 - Imininingwane yomsebenzi (uma ushone esesebenza)
 - Ukuxhumana / izinto azenzile/imisebenzi ayenzile emphakathini.
- Isiphetho: Umusho onemininingwane mayelana nomndeni wakhe noma wakubo awushiyile emhlabeni.
- Isivaleliso: Umusho wokuvalelisa okungaba amazwi acashunwe embhalweni ethile noma okunye okuhambisana nokuvalelisa umufi.

Isihloko: Isihloko sibhale sigqame sibe namagama kamufi aphelele; **Isibonelo:** **Umlando kaZamlandela Ntokozo Khumalo.**

Isingeniso: imininingwane noluzalwa nabazali bakamufi:

Isibonelo: Bhala amagama kamufi aphelele, usuku azalwa ngalo, uzalwa ngobani, wazalelwa kuphi.

Umzimba: Okuhambisana nemfundo (uma kukhona).

Isibonelo: Bhala amazinga akhe ezemfundo; Izikole zemfundo afunda kuzona. Isigaba sesithathu: Izinto ezinhle azenzile esikoleni, emphakathini nasemndenini.

Isigaba sesine: Usuku adlule ngalo emhlabeni. Abantu abayigazi lakhe abashiye emhlabeni.

Isiphetho: Phetha ngomusho omfushane wokumvalelisa, **Isibonelo:** Lala uphumule Mntungwa/Ulale ngokuthula/ngoxolo

Isibonelo sokubhala umlando ka mufi

Umlando ka- Babo Mlungisi Makhathini (1994-20.)

UBabo Mlungisi Makhathini wazalwa ngomhla ziye-7 ku-Ncwaba 1994. Wazalelwa eThekwini elokishini laseMlazi. Abazali bakhe kwakunguBusi Makhathini (MaNgcobo) no Dkt. Cecilia Makhathini (ongasekho). Usishiye ngokuzuma mhla ziye-13 Lwezi 2023.

UBabo waqala imfundo yakhe yamabanga aphantsi kwaMgaga Combine School. Waqhubeka waya eMenzi High School lapho aphothula khona umatikuletshe. Esikoleni wayeduma ngokucula kanye nokwenza imidlalo yasesiteji. Wathola izindebe eziningi zokulingisa imidlalo yasesiteji. Imfundo yakhe ephakeme wayenza eMangosuthu Technikon College lapho afundela khona ukuba ngu-Sound Engineer. Waphasa ngamalengiso.

Waqala ukusebenza ngonyaka wezi-2014 eWizard Music Studio. Ubewuthanda kakhulu umculo futhi esiza abaculi abasaqalayo. Wayaziwa futhi kakhulu ngegalelo lakhe lokuqeqesha o-DJ.

Emphakathini waba nesandla esikhulu ekuthuthukiseni intsha. Wayeyilungu eliqavile leqembu elibusayo. Kuningi akwenzile ukusiza nokuqoqa izingane ezisebenzisa izidakamizwa.

Ushiye emhlabeni umama wakhe, udadewabo oyedwa nabafowabo abathathu.

'Lala uphumule Gxabhashe! Siyohlala sikukhumbula njalo!' EXODUS 14:14